



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2019**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 70**

**Lo mhlahlandlela unamakhasi ayi-9.**

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA****INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wependulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wependulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebeznise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kenegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebeznise ulimi Iwesigodi empendulweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:  
A. UThoko/A (okuwuhamvu oluphelele)

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA****1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

- 1.1.1 Yingoba basuke bebulawa yndlala bengacabangeli ikusasa labo. ✓✓ Yingoba basuke bekhala ngokugqoza kwentuthuko nangezidingo zabo. ✓✓ (2)
- 1.1.2 Gwiqiqi yibo futhi labo bazali obabona sebevimbela izingane ukuthi zingalubhadi ezikoleni ngoba bona bebhikisha. ✓ Kuyaye kuphele izinyanga ngezinyanga izingane zisemakhaya zingumhlambi kazelusile. ✓ (2)
- 1.1.3
- Ukungqongqiswa ngomlilo kwezakhiwo zikahulumeni. ✓
  - Kuyaye kushaywe izimoto zabantu abangenacala abasuke bezidlulela ✓
  - Kuvalwa imigwaqo ephithizelayo ngamathayi avuthayo kanye nokuchithwa kwemfucuza. ✓
  - Kugkekezwa izitolo kutatshwe ukudla, izimpahla kwebiwe nemali. ✓
  - Ukushiswa kwezitolo namagalaji kaphethiloli. ✓
  - Ukuvimbela izingane ukuba zingayi ezikoleni ngoba bona abazali bebhikisha. ✓
- (Okune kwalokhu) (4)
- 1.1.4 B/Isihawu ✓ (1)
- 1.1.5 Okukhombisa ukuziphikisa kwabazali yilokho okushiwo abazali nalokho abakwenzayo uma sekunemibhikisho. ✓ Abazali bahlala bekhuluma ukuthi bafisa ukuba izingane zabo ziphumelele esikoleni ✓ kodwa uma sekunemibhikisho yibona futhi abazivimbelayo ukuba ziye ezikoleni baphinde babhikishe nazo ✓ (3)
- 1.1.6 Abantu abasha nabantu abadala babhikisha ngezindlela ezifanayo nakuba izidingo zabo zingafani. ✓ Abantu abasha bafuna imfundu yamahhala baphinde bakhale ngamathuba emisebenzi /ngokuntuleka kwemisebenzi kuleli. ✓ Abantu abadala bakhala ngokudembesela kwamakhansela/komasipala ekuletheni izidingo zomphakathi okuyizingqalasizinda. ✓ Okubi ngale mibhikisho iba nokucekela phansi kwezinto ezilusizo kanye nokubulawa kwabantu. ✓  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (4)

- 1.1.7 Ngicabanga ukuthi ukuhlinzeka umphakathi ngezidingo nokuwazisa kusenesikhathi uma kuzoba nokuphazamiseka njengokuvalwa kwamanzi, ukunqanyulwa kukagesi nokunye kungaba isisombululo. √√/Kudingeka ukuthi abantu bafundiseke ukuthi izakhiwo zomphakathi nengqalasizinda akuzona ezikahulumeni kodwa zingezabo, futhi bangagcina sebehlupheka./ Kudingeka abantu bafundiseke ukuthi kuvumelekile ukubhikisha uma kungeke kube nodlame. √√  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (2)
- 1.1.8 La mazwi asetshenziswe kahle ngoba aveza ukungakhuzani kwabantu uma benza okungalungile/into embi njengokubhikisha okunodlame. Lezi zenzo zobugebengu/zobudlova ezivamile ngezikhathi zemibhikisho zibuyisela isizwe emuva ngoba ababhikishi basuke bengaboni ukuthi bazicekela bona phansi.√√ (2)

## 1.2 UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.2.1 Kulesi sithombe kunomuntu/umbhikishi ophakamise izandla okhombisa umuzwa wokukuthakasela ukuthungelwa kwebhasi ngomlilo/Umntu okhombisa ukubabaza/ukuxolisa ngokuphakamisa izandla okuveza ukuthi akayona ingxenye/ akahlangene nokushiswa kwebhasi ngomlilo.√√ (2)
- 1.2.2 Kungalimala amaphoyisa nabantu abaningi, abanye bagcine bedutshulwa amaphoyisa njengoba ababhikishi bevimbe imigwaqo ngokushisa okuthile. Kungaba nobungozi ngoba izimoto nama-ambulensi angeke kusakwazi ukuhamba ngenxa yokushiswa kwezinto ezithile emigwaqeni.√√ (2)
- 1.2.3 Ngicabanga ukuthi intsha eningi ingaphenduka izinswelaboya/ izigebengu/izigelekeqe/otsotsi igcine ngokuboshwa noma ilinyazwe abanikazi bezitolo√√ ngenxa yokugqekeza nokuzitapela impahla, ukudla nemali ezitolo okungenza bagcine belahlekelwe ikusasa eliqhakazile. √√  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (4)
- 1.2.4 Esithombeni sesi-4 ababhikishi bashisa amathayi, bacekela phansi izimpawu zomgwaqo nokungcolisa umgwaqo. Lokhu kungaholela ekulimaleni kwabo kudaleke izingozi zomgwaqo ebezingeke zidaleke ukuba umbhikisho wabo ubunokuthula/bangahogela intuthu edalwa ukushiswa kwamathayi bese kugcina sekulimale/ sekugula noma kushone abantu abangenacala. √√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

<b>Amaphuzu acashuniwe</b>		<b>Amaphuzu owabeke ngamagama akho</b>
1	'Kulo mgubho izakhamuzi zikhunjuzwa ngobuhle baleli lizwe ongabubona ezindaweni ezifana ne-Table Mountain, i-Kruger National Park, ulwandle kanye nezinye izindawo'.	1 Abantu bakuleli basuke behkunjuzwa futhi behkuthazwa ngokuvakashela izindawo ezahlukahlukene ezingamagugu ezifundazweni ezahlukene.
2	'Umgubho walolu suku uqhakambisa amasiko anhlobonhlobo ezinhlanga ezahlukene zakuleli'.	2 Kusuke kubukiswa/kutshengiswa ngobuhle/ngobumqoka / ngokubaluleka kwamasiko ezinhlanga ezahlukene ezakhele leli laseNingizimu Afrika.
3	'Umgubho walolu suku ubalulekile ngoba uletha ubumbano kuzo zonke izinhlanga zakuleli'.	3 Lesi isikhathi lapho kubonakala ubunye, ukuzwana nokubekezelelana kwezizwe ezahlukene.
4	'Ukugubha lolu suku kusuke kufundiswa izakhamuzi ngomlando wokubumbeka kwezinhlanga ezahlukene zakuleli'.	4 Abantu bakuleli bathola ithuba lokufundiseka ngemvelaphi/ ngokusunguleka/ngokudabuka kwaleso naleso sizwe kubuye kubuyekezwe nomlando waso.
5	'Usuku lokugubha amasiko kusuke kukhunjulwa amaqhawe azo zonke izinhlanga, abesilisa nabesifazane ababelwela isithunzi sobuzwe kanye nesamasiko'.	5 Kukhunjulwa amaqhawe namaqhawekazi/izihlabani zazo zonke izinhlanga ezazilwela inkululeko yesizwe.
6	"Ukugujwa kwalolu suku kubuya is ubuntu okuwumkhuba omuhle esintwini".	6 Luyalekelela lolu suku ekutheni abantu bangaphathani kabi/ baphathane kahle ngenxa yobuhlanga kodwa bakwazi ukuphilisana nabanye abantu ngokulinganayo.
7	'Lolu suku lwenza izakhamuzi zakuleli zithandane ngoba zisuke sezazana kangcono kunakuqala'.	7 Ekupheleni kosuku abantu bezizwe nezinhlanga ezahlukene basuke sebazana kangcono sekuvunguza nomoya wobumbano.

Abantu bakuleli basukebekhunjuzwa futhi bekhuthazwa ngokuvakashela izindawo ezinhle nezingamagugu ezifundazweni ezahlukene. Kusuke kubukiswa ngobuhle bamasiko ezinhlanga ezahlukene ezakhele leli laseNingizimu Afrika. Lesi isikhathi lapho kubonakala ubunye, ukuzwana nokubekezelelana kwezizwe ezahlukene. Okuphawulekayo, izakhamuzi zakuleli zithola ithuba lokufundiseka ngemvelaphi yesizwe ngasinye nokubuyekezwa komlando waso. Kukhunjulwaamaqhawe namaqhawekazi azo zonke izinhlanga ayelwela inkululeko yesizwe. Luyalekelela lolu suku ekutheni abantu bangaphathani kabi ngenxa yobuhlanya kodwa bakwazi ukuphilisana nabanye abantu ngokulinganayo. Ekupheleni kosuku abantu bezizwe nezinhlanga ezahlukene basuke sebazana kangcono sekuvunguza nomoya wobumbano.

[Inani lamagama angama-79]

**AMAMAKI ESIQEPU B:** 10

## Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo kweyame ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli -1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama assetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho eqe ngawo.

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa ayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundu akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanele.

Isib: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanele kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundu ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje: C/lmizuzwana engama-60 (okuwahlamvu oluphelele)

- 3.1 Kukhangiswa ubisi inolac yakwa-clover. ✓ (1)
- 3.2 Yengeza ikhalisiyamu✓, yengeza uvithamini D✓, yengeza izakhamzimba ezishodayo ekudleni✓ okudingwa abantu abaliwa i-lactose✓ iphinde yenze ukugayeka kokudla kube lula emzimbeni. ✓  
(Okuthathu kwalokhu) (3)
- 3.3 USipho **uluthokozole (uluthakasele/ulwesasele/ulwenamele)** uhambu lwakhe lokuya phesheya kwezilwandle. ✓  
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.) (2)
- 3.4 Isithombe senkomo sinobudlelwano nalo mkhiqizo ngoba inkomo iyasengwa ukuze kutholakale ubisi. ✓ Ngakho-ke siqinisekisa abathengi ukuthi lo mkhiqizo i-nolac yensiwe ngobisi olutholakala kuyo inkomo. ✓ (2)
- 3.5 La magama akhetheke/assetshenziswe kahle ngoba angosonhlamvukazi/ayifonti enkulu. Lokhu kunxenxa/kuheha abathengi ukuze bazi ukuthi lo mkhiqizo uhamba phambili futhi ungowakuleli. Yize ekhethe kahle kepha asenakho ukukhohlisa. ✓✓ (2)  
[10]

### UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI

- 4.1 Angizwani noqhwayilahle. ✓ Akazwani nabantu abangasebenzi. ✓ (2)
- 4.2 Ubudlelwane obuvezwu yilaba balingiswa bukhombisa ukuthi abubuhle/ukungezwani. ✓ Lo wesimame uqhubeka nokuphuza isiphuzzo sakhe, ubheke ngqo owesilisa emehlweni elindele ukuthi kube khona akushoyo. ✓ Owesilisa unobuso obunokumangala/obunokudangala umzimba ugoqene okukhombisa ukuthi ubemlalele✓ kodwa akaqondi ukuthi lokhu akushoyo kuvelaphi. ✓ (3)

- 4.3 Inhoso yomdwebi wale khathuni ukukhombisa ukumangala/ukwethuka ngoba lo wesilisa ubethi sebezobuqala ubudlelwane babo kodwa owesimame usekhombisa ukungayingeni aphinde ambize nangamazwi ayiziswana. √√/ Inhlosoyomdwebi ukukhombisa ukuthi kuyenzeka umuntu azitshele ukuthi lokho abekukhuluma kuwenzile umqondo kulabo abebelalele kanti ekugcineni akekho oyiqondile inkulomo abeyithula. √√  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (2)
- 4.4 Inkulomo yowesifazane ikhombisa ukuthi uyamqhoshela/uyamdelela/ uyamklolodela lo wesilisa ngoba nakhu engasebenzi engaziboni yena eqala ubudlelwane nomuntu ongasebenzi. √ Ukubeka kucace ukuthi akamthandi√ futhi uyavalelisa. √ (3)  
[10]

## UMBUZO 5: ISIQESHANA

- 5.1 Sisetshenziselwe ukucizelela umqondo wokwenziwa./Sicizelela ukuthi kusetshenzisweni ekukhuliseni izinkukhu√ (1)
- 5.2 **Zonke** izifundo zizobhalwa abafundi ekupheleni kwalo nyaka. √√  
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.) (2)
- 5.3 A/incoso√ (1)
- 5.4 • Inkomo ijobwa ngamakhemikhali ahlolisisiwe.√  
• Inkomo ikhula ngokushesha.√ (2)
- 5.5 impesheni√  
Impesheni yezaguga ikhushulwe kibili kulo nyaka. √  
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.) (2)
- 5.6 Ukuguga akumemezi. √  
Baqinisile abadala uma bethi ukuguga akumemezi sengimane ngikhohlwe ubala nje.√  
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.) (2)  
[10]

<b>AMAMAKI ESIQEPU C:</b>	<b>30</b>
<b>AMAMAKI ESEWONKE:</b>	<b>70</b>